Vuk'uzenzele

JOBS INSIDE:

Produced by Government Communications (GCIS) English\isiZulu | Zibandlela 2017

# Less red tape for business

**ANOTHER INVESTSA** One Stop Shop has been launched to provide investors with services to fast-track projects and reduce red tape.



The KwaZulu-Natal InvestSA One Stop Shop is expected to create much-needed jobs in the province.

President Jacob Zuma launched the InvestSA One Stop Shop to help unlock opportunities for growth and investment in KwaZulu-Natal. InvestSA's One Stop Shops – which were also rolled out in Gauteng and the Western Cape earlier this year – house government entities like SARS, Home Affairs, Environmental Affairs, Eskom and the Companies and Intellectual Properties Commission under one roof to reduce red tape, decrease costs and make business easier.

The primary aim of the provincial One Stop Shops is:

- to co-ordinate and incorporate special economic zones,
- provincial investment agencies,
- local authorities and government departments involved in regulation, registration, permits and licensing matters.

Chairperson of the KZN Business Chambers Council, Dominic Collett, said that the One Stop Shop provides hope for prosperity and job creation through the injection of investment from outside the province.

"This will strengthen the province's value proposition to investors as a preferred destination for investment.

"It will also attract new markets to KZN through creating a conducive environment for trade and investment, making the

Cont. page 2

"The fight for freedom must go on until it is won; until our country is free and happy and peaceful as part of the the community of man, we cannot rest."

Oliver Tambo - Georgetown University, January 27, 1987

Life and legacy of OR TAMBO. 100 YEARS



**Clean water for rural KZN community**

Page 4



**Protect children from sexual predators**

Page 8

2030 NDP

ALSO AVAILABLE ON:

ANDROID APP ON Google play

Available on the iPhone App Store

@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0405

Free Copy

# Isigwebo esinzima ngokuphathelene nemishado engumgunyathi

**UMNYANGO WEZOBULUNGISWA** Nokuthuthukiswa KoMthethosisekelo usuqinisekisile ukuthi umshado ongumgunyathi uhamba nesigwebo sokuboshwa iminyaka eyi-15.

**Hlengiwe Ngobese**

U-Josephine Peta, oyinduna ephethe ezomthetho Ehhovisi Lommeli Wemindeni elingaphakathi koMnyango Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa KoMthethosisekelo, uchaze ukuthi imishado engumgunyathi noma imishado yokwenzelelana izivumelwano zokushada ekungenwa kuzo ngumuntu waseNingizimu Afrika kanye nomuntu wokufika kuleli.

Umuntu wokufika kuleli ube eseba yisakhamuzi saseNingizimu Afrika futhi abe nelungelo lokuthola imihlomulo.

"Abantu bokufika kuleli bafika eNingizimu Afrika njengezivakashi bese befuna ukunikezwa isimo sokubhaciswa kuleli. Babe-ke sebethenga noma baqashe inkosikazi noma umyeni ukuze bathole ukuba yizakhamizi zaseNingizimu Afrika."

UPeta uthi imali ekhokhiselwa lesi senzo iphakathi kwezi-10 000 zamarandi nezi-50 000 zamarandi, nokuyimali ekhokhwa kanye. Ngesinye isikhathi, umuntu waseNingizimu Afrika angakhokhelwa imali yokuqashisa ngaye eyizi-2 000 zamarandi ngosuku.

Lesi senzo asibandakanyi kuphela laba abanesivumelwano 'somshado' kodwa nezikhulu ezishadisayo imbala zaseMnyangweni Wezasekhaya, ezisebenza njengamaqembu emigulukudu futhi ezibopha itulo lokudla ngamacebo imali nezinsiza zikahulumeni kanye nezakhamizi zaseNingizimu Afrika.

> "Abantu bokufika kuleli bafika eNingizimu Afrika njengezivakashi bese befuna ukunikezwa isimo sokubhaciswa kuleli. Babe-ke sebethenga noma baqashe inkosikazi noma umyeni ukuze bathole ukuba yizakhamizi zaseNingizimu Afrika."

"Uma sebeyizakhamizi zakuleli, abokufika kuleli kanye nomlingani abavumelene naye waseNingizimu Afrika babe sebehlukanisa ifindo lomshado, bavule ithuba lokuthi oshade nowokufika kuleli 'ngempela' kanye nezingane abavela kwelinye izwe bazohlangana naye eNingizimu Afrika."

Umuntu waseNingizimu Afrika obevumile ube eseya eMnyangweni Wezasekhaya azenze isisulu, athi akazange wahlangana nalo myeni noma unkosikazi.

UPeta uchaza umshado njengesivumelwano esisemthethweni esiphakathi kwabantu abadala ababili abavumelene.

"Umshado awuyona into okumele ithathwe kancane noma isetshenziswe ngokungafanele ngenhloso yokuthola ilungelo lokuba yisakhamuzi. Lapho owaseNingizimu Afrika ezibandakanya esenzweni esifana nalesi nabo benza isenzo sobuqola."

Lapho kushintsha isimo sokuba ngumuntu ongashadile, kubeka umkhawulo futhi ekwazini ukuthola imihlomulo ethile kuhulumeni, efana nemali yesibonelelo yeNhlangano Yezimpesheni Nezibonelelo Zikahulumeni eNingizimu Afrika (i-Sassa).

Imishado efana nale angeke iqedwe ngokuhlukanisa ifindo lomshado, ingesulwa njengekho emthethweni Inkantolo Ephakeme. Kulesi simo, 'izisulu zokuqolwa' kumele zikhokhe izimali ezinkulu ukuze kwesulwe umshado. **V**




## Ngabe bewazi?

Phakathi kowezi-2007 nowezi-2010 ilinganiselwa kwizi-7 000 imishado yokwenzelelana noma imishado engumgunyathi eyaba khona.

## Ungasithola kanjani isimo sakho ngokuphathelene nomshado

UMnyango Wezasekhaya sewusungule insiza yokuthi umphakathi ukwazi ukubheka isimo sawo ngokuphathelene nomshado. Thumela nge-SMS uhlamvu lwegama u-M, kulandele inombolo kamazisi waseNingizimu Afrika **(isibonelo: M 5001010050080) ku-32551.** Uzothola i-SMS ephendulayo eqinisekisa isimo sakho ngokuphathelene nomshado kanye nosuku owashada ngalo. Kukhokhiswa u-R1 nge-SMS ngayinye umhlinzeki wakho wezinsiza.

## Ukuvimbela inkinga



- UMnyango Wezasekhaya sewethule uhlelo olusha lwe-*biometric system* lapho wonke umuntu obandakanyeka emshadweni kumele afake iminyatheliso yakhe yeminwe ngaphambi kokuba kukhishwe isitifiketi somshado.
- UMthetho Wokuchibiyela Ukuba Yisakhamuzi saseNingizimu Afrika sewethule okumele kwenziwe okunqala ngokuphathelene nokuthola ubuzwe. Ngokuphathelene nalo Mthetho, owamenyezelwa ngowezi-2013, abokufika kuleli kudingeka ukuthi babe lapha eNingizimu Afrika iminyaka eyisishiyagalombili ngaphambi kokuba bafake isicelo sokuba yizakhamizi zaseNingizimu Afrika ngokugcwele.




# Get help fast

**AN APP HAS** been designed to assist in the fight against crime in Gauteng.

The Gauteng Department of Community Safety has partnered with non-profit organisation Happimo to pilot its safety app Namola, which aims to reduce the amount of time it takes law enforcement to attend to emergencies.

Namola is designed to improve alert and dispatch times to under one minute.

Namola, which is free to download from app stores, enables users to easily share their GPS coordinates, name and nature of the emergency.

Namola improves efficiency and pinpoints the user's exact location, making it easy for emergency services to find them.

Community Safety MEC Sizakele Nkosi-Malobane said the pilot project that's being run in collaboration with Gauteng Traffic Police, will initially see 20 vehicles fitted with and using the system.

"This innovation should be applauded because for some time there has been an outcry from some community members about the delay in response time to crime scenes and emergency incidents. I am excited that this will now be a thing of the past," she said.

"Gauteng Traffic Police has already installed the application in our fleet, test runs have been conducted, a control room has been set up at our head office and it's fully functional." **V**

# Vikela izingane kwabazihlukumeza ngokocansi

**NJENGOBA SEKUSONDELE** ukuphela KoMkhankaso Wezinsuku eziyi-16 Zokulwa Nodlame Olubhekiswe Kwabesifazane Nezingane u-*Vuk'uzenzele* ugxila emkhubeni wokukhuliswa kwengane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi.

**Dale Hes**

Asikho isikhathi esidlula isikhathi SoMkhankaso Wezinsuku eziyi-16 Zokulwa Nodlame Olubhekiswe Kwabesifazane Nezingane ukuze sibheke futhi sithathe izinyathelo zokulwa umkhuba wokukhulisa ingane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi.

Noma umkhuba wokukhulisa ingane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi kuyinto engajwayelekile kubantu abaningi baseNingizimu Afrika, bonke abazali, abaholi bomphakathi kanye nabasebenzi bakahulumeni kumele bazi ngalo mkhuba.

## Uyini lo mkhuba futhi ubani okubhekiswe kuye lokhu?

Lo mkhuba uchazwa ngokuba kukuzenza umngani kanye nokwakha ubudlelwano obuhle nengane (futhi ngesinye isikhathi nomndeni wayo), ukuze uyenze ingane ikwethembe ngezinhloso zokuyihlukumeza ngokocansi.

Izingane ezincane ezineminyaka yobudala esukela kwemithathu nazo ziyizisulu zalo mkhuba, kodwa izisulu eziningi yizingane ezineminyaka yobudala ephakathi kweyi-11 neyi-17. Iningi lezimo ezibandakanya amabhungu namatshitshi zenzeka ku-inthanethi, ikakhulukazi ngabomakhalekhukhwini, futhi yizingane ezithanda ukunakwa ezisengozini kakhulu.



> " Izingane ezincane ezineminyaka yobudala esukela kwemithathu nazo ziyizisulu zalo mkhuba, kodwa izisulu eziningi yizingane ezineminyaka yobudala ephakathi kweyi-11 neyi-17."

Esehlakalweni sakamuva nje esibandakanya usodolobha wakumasipala kuthiwa ubekhulisa ingane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi, umngani welinye lamalungu omndeni wakhe. Phakathi kwezinye izinsolo, kuthiwa uvumise ingane ukuthi imthumelele izithombe zayo inqunu.

## Kwenzeka kanjani?

Abantu abakhulisa ingane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi bangazama ukuzuza ukwethenjwa umzali noma onakekela ingane angayizali ukuze afinyelele kalula enganeni.

Ubudlelwano bokuthembana nomndeni kusiza umuntu owenza lo mkhuba wokukhulisa ingane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi ukuthi achithe isikhathi nengane, ngokuyigada noma ukuyimema ukuthi ivakashe bese ilala endaweni yakhe. Sekube nezehlakalo eziningi emazweni omhlaba lapho abantu abasezikhundleni zokuphatha begwazele khona abazali ngemali noma ngokubaqasha emsebenzini ukuze ngalokho bachithe isikhathi nengane bebodwa. Abantu abenza lo mkhuba isikhathi esiningi baxhumana nezisulu zabo ku-inthanethi, ngesinye isikhathi bezenza sengathi bayizingane nabo, ngaphambi kokucela ukuthi bahlangane bukhoma.

## Ngabe abazali bangawuvimbela noma bangathatha ziphi izinyathelo ukulwa lo mkhuba?

- Siza ingane yakho ukuthi iqonde ukuthi ubani okumele kanye nokungamele ukuthi ixhumane naye ezinkundleni zokuxhumana.
- Zikhuthaze ukuthi zixoxe nabantu esezivele zibazi.
- Qaphela inguquko enganeni yakho, efana nokufihla ngokwedlulele izinto ezenza ku-inthanethi, ukuba nentombi noma nesoka elidala kunayo; ukuhlangana nabantu ezindaweni ezingajwayelekile, ukutholakala seyinezinto ezintsha noma ukwazi ukufinyelela kuphuzo oludakayo noma izidakamizwa.
- Fundisa ingane yakho ngengozi yomkhuba wokukhuliswa umuntu ngenhloso yokuthi akwenze isigqila socansi.

## Okwenziwa uhulumeni ngokuphathelene nalo mkhuba

Umkhuba wokukhuliswa kwengane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi uthathwa njengecala eliphathelene nezocansi elibi kakhulu ngaphansi Komthetho Wokuchibiyela uMthetho Ophathelene Namacala Obugebengu (Amacala Aphathelene Nezocansi kanye Nezindaba Eziphathelene Nalokhu) uMthetho 32 wezi-2007. Ababhekelele ukuqinisa ezomthetho kanye nohulumeni ngokujwayelekile basukumela ngokushesha noma yiziphi izinsolo zokuhlukunyezwa kwezingane ngokocansi.

Usodolobha okusolwa ngokuthi wenze icala lokukhulisa ingane ngenhloso yokuyenza isigqila socansi uboshwe wase emiswa emsebenzini ngaleso sikhathi. UNgqongqoshe Wesifundazwe Wezokuthuthukiswa Komphakathi eGauteng uNandi Mayathula-Khoza wachaza esishayamthethweni sesifundazwe ukuthi kusaphenywa icala Wuphiko lwesifundazwe Olubhekelele Udlame Emndenini, Ukuvikelwa Kwezingane kanye Namacala Aphathelene Nocansi.

"Ithimba elikhethekile elijutshiwe lekhabhinethi livakashele kubo kwentombazane ukuze liyothola amaqiniso futhi lihlinzeke ngokweseka. Umndeni usufake isicelo somyalelo wenkantolo wokuvikela ukuze uqinisekise ukuthi umsolwa ayeke ukuthinta intombazane," kusho uNgqongqoshe Wesifundazwe.

### Ungaluthola kuphi usizo?

Izisulu noma abazali bangathinta:

**I-SAPS Crime Stop:**
0860 010 111

**ISikhungo Sosizo esisebenza imini nobusuku soMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi:** 0800 428 428

**I-Child Welfare:** 0861 424 453

Okunye ongakwenza, bika umkhuba owusolayo wokukhuliswa kwengane ngenhloso yokwenziwa isigqila socansi esiteshini samaphoyisa esiseduze nawe noma kuMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi. V

# Metro police are here for you

Recent reports in the media about metro police brutality have highlighted the need to put a spotlight on the important role this department plays in making sure that there is safety, security and order in the cities

## Is the Metro Police Service part of the South African Police Service?

No. The Metro Police Service is a department within a municipality.The SAPS and the metro police often work together in the fight against crime.

## How do I identify the Metro Police?

The metro police are easily identified. They have a distinctive blue uniform with a blue and white checkered band on their hats. Their vehicles are also clearly marked with the same blue and white checkered band on the sides.

## Besides law enforcement, what other work do metro police officers do?

Metro police direct traffic in the event of an accident, breakdown, spillage or when lights are out of order. They also enforce by-laws, for example, checking for illegal traders and over-loaded vehicles. They enforce public transport legislation and assist with vehicle testing.

Metro police officers are there to ensure there is law and order in the cities in which we live. It's up to all of us to work with them to ensure that they are able to perform their duties.

## What work do metro police do?

The metro policemen do all the usual work that you would expect from a police service. They enforce the bylaws and attend to any criminal or traffic offences. However they do not investigate crimes nor have police cells to lock up suspects. Once an arrest is made, the suspect is handed over to the SAPS for follow-up investigation.

## How quickly will the metro police respond to a call?

In many cases metro police are constantly patrolling the area in a number of ways. There is usually a bicycle section, a horse unit, motorcycles and a wide variety of other vehicles. Metro police also patrol on foot.

## What sort of training do the new recruits go on?

Municipalities ensure that recruits go on training to prepare them for their work. Training involves the city's bylaws, traffic regulations, and crime prevention legislation, self-defence, among others.

Metro Police officers undergo ongoing training to remain well informed of changes in legislation, new methods of crime prevention, etc. V